



IJERUSALEMA ELISHA

Amabandla Emhlabeni Wonke

UMfundisi Tony Alamo

Isizwe SamaKristu Sakwa-Alamo

IVolumu 06000



UMfundisi Tony Alamo
isithombe 1986

UBUFAKAZI BUKA TONY ALAMO Amathambo Omileyo

Ngu
Tony Alamo

Umphrofethi weThestamente Elidala, UHezekeli, wathunyelwa umbono ovela kuNkulunkulu. Wabona isigodi samathambo omileyo, simele ukufa ngokukamoya kuka-Israyeli kanye nomhlaba. Umbono wawuprefetha ukaza kokuqala kukaKristu, ukushumayela Kwakhe ivangeli, nomphumela wako, ukuvuka kokuqala ekufeni, kuwukuvukela ekuphileni kwaphakade kulabo bonke abakhola "Izwi leNkosi."¹

UNkulunkulu wathi kuHezekeli, "Ndodana yomuntu, lawamathambo angaphila na?" (Ingaba labo abakade befile kumoya, bangaphila na?) UHezekeli wathi, "Nkosi, uwena owenzile, uyazi."²

UNkulunkulu wakhulumu futhi kumprofethi, ethi, "Profetha phezu kwalawamathambo, uthi kuwo, Ninamathambo omileyo, zwanini izwi likaJehova. Isha kanje iNkosi uJehova kulawamathambo; Bhekani, ngiyakungenisa kini umoya, niphile."³

U-Israyeli wayazi ukuthi kwase kuphele nya ngaye njengesizwe.⁴ Kuze kube namuhla kusenoqhekeko oseluqede ithemba. Kodwa uNkulunkulu watshela UHezekeli ukuthi uzovusa esinye isizwe esikhulu kuno-Israyeli wokuqala, obungayeki ukona. U-Israyeli wesibili wawuzoba ngabantu abavela kuzo zonke izizwe emhlabeni,⁵ insalela yamaJuda akhethiweyo kanye noquqaba lwabezizwe abahlumelisiwe kuMvini (uKristu).⁶ Wawuzoba isizwe esikhulu, esingcwele sabavuswe empilweni efile, nasempilweni yokona bavuselwa ekuphileni okuphakade.⁷ Ngeke babe noqhekeko noNkulunkulu. Lokhu kwabawukuvuka kokuqala ngamandla okuvuka kaKristu.⁸

Ngo1964, phambi kokuba ngivuswe okokuqala kuKristu, mina, Bernie Hoffman, ophinde aziwe ngelika-Tony Alamo, ngangidume ngokona, nokuphila okuphambene noNkulunkulu futhi ngingenalo noluncane ulwazi ngoNkulunkulu. Beningazi ukuthi uNkulunkulu ukhona. Amazwi kaNkulunkulu abe eyizinsumansumane nezinganekwane kimina, futhi ngingaqondi ukuthi abantu bakhola kanjani kuNkulunkulu noma kwiNdodana Yakhe. Ngangingabakhola labo ababethi bakhola kuNkulunkulu, ngoba babengabazensi. Babona njengami noma nangaphezulu. Ngiyazi ngoba ngangizulazula nabo. Sonke sasiyiqoqo lamathambo afile, omi-

leyo. Ngangithukuthela uma kukhona ozama ukungiguqulela ekubeni umKristu, ngoba kimina iBhayibheli laliwukuchitha isikhathi. Impilo engangiyiphila yayenza ngingabi nasikhathi semidlalo noma izinganekwane.

Emkhakheni weze-Marketing ngangaziwa ngokuthi ngiwumpetha (ophuma phambili). Ngangibhekene nokuphumelelisa imisebenzi yabaculi nabatlali abanangi abadumile, kanye nokuphumelelisa amaphromoshini emikhiqizo eminingi eyaziwayo futhi esetshenziswa ezindlini. Umcabanga owawungisabisa du, kwabe kuwumcabango wokuzibona ngamehlo engqondo, ngisindisiwe, futhi nighamba ngisabalalisa amapheshana okushumayela ivangeli likaJesu, emakhoneni emigwaqo, ngihlala emishini endaweni engasile, ngishumayela ivangeli, futhi nighlela imigqa yokudla yokondla abantu abalambil.

Maphakathi neminyaka yango-1960 umhlaba bewungabukeki kahle kimi. Beningazithandi izidakamizwa noma abantu abangcolile futhi abanesimilo sengulube. Ngangikuzonda futhi lokhu okwakwenziwa inhlango yamahippi eHollywood, eSunset Strip kanye nasemhlabeni wonke. Kodwa-ke nami, bengingesye umuntu ongcwele. Ngangingenanda ngempela ukuthi abantu benza siphisono, kuphela nje uma bengahambi bekhombisa lokho abakwenzayo phambi kwemindeneni enezingane. Kimi umhlaba bese uphelile, ufile, womile, unyanyeka, futhi ungath-

(Kuyaqhubeke ekhasini 2)

¹ Hez. 36:1, ⁴2 Hez. 37:3 (isi-Heberu sasemandulo/sasekuqaleni) ³ Hez. 37:4-5, (Isi-Aramaic sasemandulo/sasekuqaleni) ⁴ Hez. 37:11 ⁵ Gen. 17:4-16, 22:18, 26:4, 46:3, 48:19, 49:10, Eks. 19:6, 32:10, AmaH. 22:27, Isaya 2:2, Joh. 11:51-52, IzE.1 0:34-35, Ef. 1:10, Heb. 8:8-12, 1 Petr. 2:9-10, IsAmb. 5:9, 14:6 namanye amaningi ⁶ Joh. 15:1, Rom. 11:17, 19, 23, 24, IsAmb. 7:4 ⁷ 1 Petr. 2:9 ⁸ Rom. 15:12, 1 Kor. 15:15, 16, Kol. 2:12, 3:1, 1 Thes. 4:16, IsAmb. 20:5-6

UBUFAKAZI BUKA TONY ALAMO

(Kuyaqhubeka eKhasini 1)

embisi neze.⁹ Akukho lutho obeluseyigugu noma obekusabalekile kimina. Ngikhola ukuthi abanye abantu ezweni babekwazi lokhu njengoba nami ngangikwazi, nanokuthi babesebenzisa izidakamiswa ukuzama ukubalekela uqobo Iwesimo sinjengoba sinjalo. Amasonto ayebonakala ongathi ayazenzisa; wonke umuntu wayebonakala ekwazi nalokho futhi. Izwe lonke belifile ezonweni zalo kanye nobuhlongandlebe balo.¹⁰ Umhlaba bewubonakala uysigodi esikhulukazi esinamathambo omileyo, njengalesi esabonwa nguHezekeli.¹¹

Ngahlangana noJesu ehhovisi eBeverly Hills ngendlela engajwayelekile futhi emangalisa kakhulu. Akekho umuntu ongacabanga ukuthi nganginokwesaba okungakanani, kodwa futhi nginenjabulo engakanani, lapho uNkulunkulu eziponakalisa kimi ukuthi yena neNdodana yakhe bakhona ngempela. Ngakujabulela kakhulu ukuzwa uMoya wakhe oyiNgcwele osabekayo, futhi nokuzwa izwi lakhe elinamandla liwusha lidabula phakathi kwazozonke izicubu zomzimba wami, ongathi ngiyisisefo okuhamba kuso amazwi eya phambili nase-muva. Ubukhona bakhe babunenkazimulo futhi bufudumeza. UMoya wakhe wacindezela kanzima phezu kwami kwangathi ngixhakathiswa isandla sikaNkulunkulu esinamandla. Futhi amazwi akhe angitshela ukuthi, "Sukuma ngezinyawo zakho utshele abantu kulendlu ngeNkosi uJesu Kristu, ubatshela nokuthi Iyabuya futhi emhlaben, uma kungenjalo, uyawukufa nokufa." Kwathi lapho umoya wakhe ungena ehhovisi, ungcidezel, nganikwa ukuqonda ubuhlakani Bakhe obungenakuchazeka futhi obungenakukholeka.¹² Ubeyikho konke okuyimvithimvithi nokusaluthuli okuncinyane kakhulu (amatatomu nama-molecule). Wabe engumoya. Ubazi konke okwakwenzeke ngesikhathi esedlule nakho konke okwakuzokwenzenka ngesikhathi esizayo.¹³ Ngafikelwa amahloni ngoba ngangazi ukuthi wabe azi konke engake ngakwenza. Wangibonisa ukuthi iZulu neSihogo kukhona ngempela. Ngangazi ukuthi ikuphi lapho ngangizoya khona uma ngingakwenzanga lokhu akushilo...futhi kwakungekhona ezulwini.

Nakuba kwakukhona ukwethuka kimi,¹⁴ kwangijabulisa ngendlela emangalisayo ukwazi ukuthi uNkulunkulu ukhona ngempela futhi uyaphila, futhi uyikho konke abaprofethi nabaphostoli ababethi uyikho. Akakaze ashintshe nakancane, kusukela ezinsukwini lapho adala khona amazulu, umhlabu, nakho konke okukuwo.¹⁵ Masinyane, ngaqonda ukuthi ngangiyohlala njalo ngiMesaba, ngiMazisa, ngiMhlonipha, futhi ngiMkhonza. Ngangazi ukuthi ngangizimissele nakanjani, ukuMphilela, ukuhlushwa, nokuMfela; futhi ngangiyokwenza konke lokhu ngokwenama, nangayo yonke intokozo.¹⁶

Ngemuva kokuthi uNkulunkulu esengikhophile kulelohhovisi, ngaqala ngambuza, "Ufuna ukuthi ngenzeni? Ngizok-

wenza noma yini othi mangiyenze." Angitholanga mpendulo, ngakho-ke ngacabanga ukuthi wayefuna ngiye esontweni. Ngazitshela ukuthi isonto elikhulu kunawowonke, kwakuyilonalona elifanelekile, ngakho-ke ngaya khona kodwa angizange ngimthole. Ngaya nakwamanye amasonto, kodwa wayengetho nakuwona. Ngase ngifunda izincwadi ezinezithombe zamadoda kumakhava. Lamadoda ayebukeka ehlakaniphile futhi enokuhlonipha uNkulunkulu, enezintshebe ezinde, nezingubo zenkolo. Kodwa ngangazi ukuthi lezincwadi zaziphambukile ngoba zazithi uNkulunkulu akufanele asatshwe,¹⁷ zazithi uNkulunkulu akabasongeli abantu, futhi wawungasenza isono kodwa ungayi esihogweni.¹⁸ Ngangin-gakhathazekile ngoNkulunkulu onjengalowo. Ngangikhathazwe ukuthola uNkulunkulu owayengisongele,¹⁹ uNkulunkulu owayengikhombise iZulu neSihogo, wangenza ukuthi ngenze into ayengetho omunye umuntu owayengangenza ukuthi ngyenzenze.

Ngangingacabangi ukuthi iqiniso lalingatholakala eBhayibhelini ngenxa yokuthi ayexhaphakile. Ngangizwa sengathi nanoma yini ethakaselwa abantu bebonke, yayingekona ukuhlakanipha, ngoba ngangikhola ukuthi bonke abantu babeyiziphukuphuku. Ekugcineni ngaqala ukulifunda iBhayibheli futhi ngathola uhlelo lwensindiso kulo, kanye nemfundiso yokuthola ukuphila okuphakade, eyayikhombisa ukuthi kukhulwa kanjani kuKristu nakumoya nokuthi ungenza kanjani ukuthi ube umzuzu wemiphefumulo oqavile kaNkulunkulu.²⁰

Lapho ngiqala ukufunda iBhayibheli, ngezwa lawomanda kaNkulunkulu engicindezel, amandla ayefana nalawo engangiwezwe ehhovisi eBeverly Hills. UNkulunkulu wabe esengibonisa eminye imibono ngeZulu neSihogo.²¹ Ngakhala kuNkulunkulu ngathi, "Nkosi, ungangithumeli eSihogweni!" Ngasengibona iZulu ngezwa ukuthula kweZulu.²² Nakuba ngangiyimpumputhe ngokomoya, nginqunu, ngimncane, ngatshela uNkulunkulu ukuthi ngangingavuma ukuhlala ngiyimpumputhe, nginqunu, futhi ngidelelekile uma nje ngangingahlala ngizwa lokuthula kwasezulwini njalonjalo. Ngaphinda ngabona iSihogo, ngaphinda ngamemeza ngikhalala kuNkulunkulu ngicela ukuthi abenesihe, angixolele. Khona manjalo amandla kaBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele angena emzimbeni wami ofayo.²³ Ngokukholwa kwami kuJesu nasegazini lakhe elachitheka ngenxa yami, nangokukholelwemazwini kaNkulunkulu, engawezwa futhi ngawalalela,²⁴ ngezwa zonke izono engike ngazenza zisuswa zishiya umphefumulo wami.²⁵ Ngazizwa ngihlanzekile futhi ngimsulwa.²⁶ Into enhle ngendlela emangalisayo yayenzeke kimina, futhi yayenziwe kimina futhi yenzelwa mina nguKristu uJesu, "oNgcwele ka-Israyeli."²⁷ Ngendlela engangijabule kakhulu ngayo ukukhululwa esonweni futhi nokuba namandla amasha ayengigcina ukuthi ngingoni, ngangifisa ukutshela umhlabu wonke ukuze bonke baMazi futhi babenokuphila okuphakade.

⁹ Math. 13:39, Isahluko 24, 1 Kor. 15:24, Heb. 9:26, 1 Petr. 4: 7 ¹⁰ Ef. 2:1, 5, Kol 2:13 ¹¹ Hez. 37:1 ¹² Num. 24:16, 1 Sam. 2:3, Jobe 21:22, AmaH. 32:8, IzA. 2:6, 3:20, 9:10, Luk. 1:77, Rom. 11:33, 1 Kor. 1:25, 2:16, 3:19, 2 Kor. 4: 6 ¹³ AmaH. 44:21, 94:11, Isaya 46:9-10, 1 Kor. 3:20, 1 Joh. 3:20, IsAmb. 21:6 ¹⁴ IsAmb. 22:13, Gen. 35:5, Lev. 26:16, Jobe 31:23, Jer. 32:21, Hez. 32:32, 2 Kor. 5:11 ¹⁵ Gen. 1:1, Mal. 3:6 16:16, IsAmb. 2:5, 16, 22-23, 3:3, 20:15 ¹⁶ AmaH. 5:11, 35:19, Isaya 51:11, 61:10, Joh. 16:33, IzE. 2:28, 20:24, Rom. 12:8, 15:13, 2 Kor. 8:12 ¹⁷ Gen. 22:12, AmaH. 11:21, IzA. 13:13, 14:16, 28:14, 31:30, Shum. 7:18 ¹⁸ IzA. 8:36, Hez. 18:2, 4, IsAmb. 19:20, 20:10, 14, 15, 21:8 ¹⁹ Gen. 2:17, 6:7, 9, 13, Eks. 20:5, 32:33, 34:7, Hez. 3:18, 18:20, Math. 8:12, 22:13, Mark. 16:16, IsAmb. 2:5, 16, 22-23, 3:3, 20:15 ²⁰ Joh. 4:35-36, 15:5, 8, 15-16, IsAmb. 14:18 ²¹ Isaya 5:14, 14:9, Luk. 16:22-31, IzE. 7:55-56, IsAmb. 4:1-11, 14:10-11, 15:1-4, 20:10, 21:2-5, 10-27, 22:1-5 ²² Rom. 5:1, Ef. 2:14, Fil. 4:7, Kol. 3:15, 1 Thes. 5:23, 2 Thes. 3:16 ²³ Lev. 26:11-12, Joh. 14:16, 2 Kor. 6:16, 1 Petr. 2: 5, 1 Joh. 3:24 ²⁴ Hab. 2:4, Math. 17:20, Luk. 7:50, IzE. 20:21, 26:18, Rom. 1:17, 3:28, 5: 2, 10:17, 11:20, Gal. 2:16, 3:11, Ef. 2:8, 3:17, Heb. 10:38 ²⁵ Mark. 14:24, Joh. 6:53, IzE. 20:28, Rom. 3:25, 5:9, Ef. 1:7, 2:13, Kol. 1:14, 20, Heb. 9:12, 14, 22, 1 Petr. 1:18-19, IsAmb. 1:5, 5:9 ²⁶ Heb. 10:19-22, 1 Joh. 1:7 IsAmb. 1:5, 7:14 ²⁷ AmaH. 89:18, IzE. 3:13-14

Ngisho nangemva kokuba semsebenzini kaKristu kusukela ngonyaka ka1964, ngizwa umnkantsha kamoya ovela eZulwini uthelwa kulawomathambo ayekade omile kakhulu, njalo uma ngifunda iBhayibheli. Izwi likaNkulunkulu libeke umsiphia kamoya wazungeza lamathambo ayekade omile kakhulu, lawambathisa ngenyama nesikhumba okuyizikhali zokuvika zikamoya. Izwi likaNkulunkulu ngalinye lidale ukuthi ukuhlumela kukaKristu enhliziyweni yami kukhule. Ngisalizwa izwi likaNkulunkulu ngalinye, liphefumulela umphefumulo kaMoya Oyingcwele emphefumulweni wami, linginika amandla okuma nokucima yonke imicibisholo evuthayo uSathane abelokhu engiciba ngayo emnyakeni eminingi. Usuku nosuku, ngiyazi ngokuphelele, ukuthi "siyanqoba nokunqoba" kuKristu uJesu,²⁸ kanti futhi "sipheleliwi sagcwaliswa kuYe."²⁹ Futhi nami ngiyazi ukuthi kubaluleke kakhulu kangakanani ukulandela wonke amazwi kaJesu, okwathi imizuzwana ngaphambi kokuthi anyukele ezulwini ngefu, wathi, "Hambari niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliwego."³⁰ (Shumayelani kuwo wonke amathambo omile, labo abafile ngokomoya "ukuze bezwe iZwi leNkosi."³¹)

(Kuyaqhubeke ekhasini 8)

28 Rom. 8:37, **1** Joh. 4:3-4 **29** Kol. 2:10 **30** Mark. 16:15, Luk. 14:23 **31** 2 AmaKh. 20:16, Isaya 1:10, Jer. 2:4, Hez. 37:4



Omunye WabeFundisi abasebenzisana, ne-Zinkonzo ZamaKristu ZikaTony Alamo, uM.C., esabalala ama-bulletin kaMfundisi uTony Alamo—eDemocratic Republic yaseCongo

eTanzaniya

Mfundisi Alamo, Mfundisi wami othandekayo othunyelwe nguNkulunkulu, Uzwelo, isihe nokuthula okuvela kuBaba nakuKristu uJesu iNkosi yethu, kube phezu kwenu futhi nenkonzo yakho. Ngiyambonga uNkulunkulu, eben-gilokhu ngimkhonza kusukela ngo1994. Ngingumvangel eMusoma, Tanzania. Bengilokhu ngisebenza nginesifiso sokukhulisa inkonzo yami ezweni lonke, ngisho nangaphandle kwaseTanzania. Mfundisi angikaze ngilizwe iphimbo lakho, noma ngikuzwe ushumayela, noma ngibone ubuso bakho, kodwa ngikwaze ngezincwadi zakho engizitholayo nengizifundayo nangemiyelezo emangalisayo efana nalena, "Amathambo Omileyo," UMesiya kanye ne "Famu kaNkulunkulu," ebhalwe nguwe, Mfundisi Tony Alamo, isikhulumi esikhulu ezweni jikelele. Ngazo lezizincwadi nemibhalo, ngiye ngazi futhi ngaqonda ukukhathazeka kwakho okwamanje futhi nokuzayo mayelana nebandla, eliwumzimba kaKristu. Mina nabasebenza nami eNkosini kanye nabanye abasanda kuphenduka, abayebamukela uKristu ngokusebenzisa izincwadi zakho, siyesakha inkonzo yobudlelwane ebizwa, nge-Believer Community Church (B.C.C.). Sifisa ukwandisa inkonzo yakho eMpumalanga Afrika, ikakhulukazi eTanzania, futhi siqhubekele phambili sisabalale nasezigodini ezesemajukujkwini emaphandleni. Sidinga usizo lwakho, Mfundisi. Uma ungakwazi ukusinikeza umbhabho wokumemezela (i-loud speaker), i-generator, kanye namaBhayibheli okupha abantu abasanda kuphenduka kanye nezincwadi zezimfundiso ukubhekelela izidingo zethu kulenkonzo yevangeli kanye nokuhambisa ivangeli ezindaweni zendabuko. Ngaloku, uNkulunkulu uyokubusisa kakhulu. Kwangathi iNkosi ingabusisa inkonzo yakho bese ivuselela ukuphila kwakho kwakamoya ngawo wonke umsebenzi omuhle owenzile. Sijabulela, futhi silinde ngethembu impendulo yakho enhle.

Owakho kuKristu,

O.E.M.

Tanzania, eMpumalanga Afrika

eCalifornia

Mfundisi Alamo Othandekayo,

Ngibhalo lencwadi ngamandla kaMoya oyiNgcwele, futhi ngigqoke zonke izembatho zempi zikaNkulunkulu (Kwabase-Efesu 6:10-17). Muva nje, ngokukhula kwezikamoya kanye nobudlelwano nomunye umfowethu eNkosini, eMpini kaNkulunkulu, amaqiniso athile kanye nezimfiho zeBhayibheli ziye zembulwa nguMoya oNgcwele. Ngiyazi uNkulunkulu ulungiselela abakhethiweyo bakhe manje, futhi ngahlangana nekhasi lencwadi yakho eshicilelwe. Mangisho ukuthi uNkulunkulu ulethe izincwadi zakho kimi ngesikhathi esibucayi lapho ngidinda ukwazi amaqiniso athile. Inkonzo yakho ingihlabu umxhwele. Wena uliqiniso eliluhlaza futhi elingahlanganiswe nalutho, hhayi elimbozwe ngoshukela elingitshela zonke izingxenyenye ezimnandi zeziprofetho. Ngicela ungbale nami ohlwini lwamalunga akho futhi ungibeke ohlwini lwakho leposi, ukuze ngikhule ngokoMoya oNgcwele, nighlome ngenkemba yequiniso kaNkulunkulu. Ngisejеле lesifundazwe, ngakho ngicela ungathumeli izincwadi ezikhavwe ngama-hard cover. Angikwazi ukunikela ngemali, kodwa ngnikela ngemithandazo yami ngithandazela inkonzo yakho enamandla ukuthi ichume futhi nawe usimame ngokupheleleyo.

Owakho okuthandayo,

B.L.

eCorcoran, eCalifornia

ENDIYA

Imikhonzo kanye nezibingeleo okuvela kubazalwane e-Ndiya, eZinkonzweni ZamaKristu ZikaTony Alamo, eNdiya.

Ngiye ngathokoza futhi ngabonga uma ngithola amaBhayibheli kanye nezinye izincwadi kuhlanganise, nencwadi UMesiya. Ngomthandazo, abafowethu abangamaKristu kanye nami sisabalalisa uhlelo oluyiqiniso lwensindiso kulabo abazi isiNgisi, futhi sizama ukuhumusha lezincwadi eziyingqayizivele ngolimi lwethu esaluncela kumama kulabo abangasazi isiNgisi futhi abahlala ezindaweni eziyizigodi zase-maphandleni. Abantu abanangi - abashayeli bamabhasi nezimoto, abafundi basezikoleni zamabanga aphakeme, ema-High School, abafundi bezifundo zokwelapha kanye nezobunjiniyela, kanye nezisebenzi nabaqashi emafemini, othisha, nabobonke abazemukele ngomdladla omkhulu, bayabusiseka ngalezizincwadi ezithwele uhlelo oluyiqiniso lwensindiso. Abantu abanangi bathola uJesu Kristu njengomsindisi wabo siqu ngokusebenzia izincwadi zakho edolobheni lethu. Sicela usekele inkonzo yethu ngemithandazo yakho eyigugu.



UBhuti uT.R. esabalalisa ngencwadi ebhalwe nguMfundisi u-Alamo—okuyincwadi enamandla, esiza ukuzuza imiphefumulo, UMesiya eRajahmundry, eNdiya

Ngenhlonipho, Inceku yakho esivinini Sakhe.
Ozithobayo,
UMfundisi N.T.
eRampachodavaram Mandal
eNdiya

alishumi nambili kuphela, nokho izikhathi eziyishumi nane simemezela imfundiso ngomhlabelo wokuzinikela esikhundleni sabanye futhi ekuleyonhlupheko ngenxa yesono somuntu. Sonke lesigaba (UIsaya 52:13-53:12) sigcwele lomqondo, futhi ayizange ixazululeke lemfi-

hlakalo, yaze iNkosi uJesu “yenziwa...isono ngenxa yethu” (2 KwabaseKorinte 5:21). Futhi “wafela izono zethu” (1 KwabaseKorinte 15:3).

UJehova “wabeka phezu KWAKHE ububi bethu sonke” (UIsaya 53:6). UMesiya waba nguMhleni ovela eNkosini, okwawela kuye yonke imisebe evuthayo yesahlulelo, eyayizowela esintwini. Yeka ubuhle bomusa BUKANKULUNKULU ngokwenza uKristu ukuthi abeyinhlawulo esikhundleni sethu. Ngesikhathi esisodwa isiphambano saba ukululazeka okunzima kunakho konke kukaKristu, kanti khona manjalo saba yinkazimulo Yakhe ephakeme kunakho konke—futhi saba indlela emisiweyo yokuletha insindiso kabantu.

Kwathi lapho iNkosi uJesu ifika, Yagcwala isezibikezelo ngoMesiya, ngokufa Kwakhe okuyinhlawulo esiphambanweni. Yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini” (1 kaPetru 2:24).

(10) **UMesiya uzohlupheka NGOKUVUMA NGENHLIZIYO YAKHE futhi ngaphandle kokukhononda, UIsaya 53:7:**

“Wacindezela futhi wathotshisa, kodwa akawuvulanga umlomo wakhe: njengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni, nan-jengemu ethule phambi kwabagundi bayo, akawuvulanga umlomo wakhe.”

Ezinye izihlupheki zivame ukukhombisa ukungunuza noma ukukhononde ikakhulu uma ziphethwe ngesihluku—kodwa akubanganjalo kuMesiya owayehluphekile. Wazitho-

**Lena ingcaphuno evela encwadini kaMfundisi Alamo,
UMesiya**

Isimangaliso Esikhulu Esibhaliwe:

Umlando ngoMesiya

Ngokwesiprofetho seBhayibheli

“NGAYE bonke abaprofethi bafakaza” (Izenzo 10:43).

**“Emqulwini wencwadi kuletshiwe NGAMI”
(AmaHubo 40:7, KumaHeberu 10:7)**

(B) UIsaya 53 (kuyaqhube)

(9) Izinhlupheko zikaMesiya ehlupheka esikhundleni sabanye, UIsaya 53:4-6, 8, 10-12:

“Kepha, Wazithwala izinsizi zethu, wabetshatha ubuhlungu bethu...Yebo, walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, wachotshozwa ngobubi BETHU: isijeziso sasiphezu kwakhe, ukuba sibenokuthula; nangemivimbo yakhe siphiliswe thina...uJehova wehlisela phezu kwakhe ububi bethu sonke...Ngenxa yeziphambeko zaBANTU BAMI washaywa... Wenza umphefumulo wakhe ubengumnikelo wecala.” “Uyakuhlawula athwale izono ZABO... Wathwala izono zabanangi.”¹

Iqiniso elivelele ngalesisahluko, izinhlupheko zikaMesiya esikhundleni sethu, futhi ehlupheka ukuhlupheka kwabanye. Lesahluko esimangalisayo siqukethe amavesi

¹ Umbhalo Ongcwela wenza ukuthi noma ungasifunda kanjani lesiqephu, ngeke ukwazi nhlobo ukuthi ukhiphele eceleni i-mfundiso yenhlawulo eyisibambiso; inhlawulo eyenziwe esikhundleni sabanye. Lokhu ukwenza ngokuthi ayiphindaphinde kaningi, ngezindlela ezelukahlukene, kodwa ebelokhu esho into eyodwa, ngendlela yokuthi, lowo ophumelelayo ukuyisusa kwenye indawo, uyaphoqeka ukuhlangana nayo futhi kwenye indawo.



UMike Omoasegun nabanye bebandla lakhe, bamukela izincwadi nemibhalo yokuzuza imiphefumulo ebalwe nguMfundisi u-Alamo, kanye namaBhayibheli ahunyushelwe ngokweNkosi uJames, konke abakunikwe Izinkonzo ZamaKristu ZikaTony Alamo — eSuleja, eNigeria

bisa ngokuzinikela ngokwakhe emsebenzini wakhe omisiwe “ukuthwala izono zethu” futhi wahamba njengewundlu liyiswa ekuhlatshweni. Ngokuthula okunesimo sobukhosu futhi okuphakeme, nomusa nesithunzi, uMesiya uzobekezelu kuze kube sekugcineni ngenxa yokuthi uJehova ukusophile lokhu. Futhi uma sibheka phansi lapha sibona imfihlakalo engenakuqhathaniswa yothando olungenamkhawulo.

ETestamenteni Elisha, lapho uJesu onguKristu, eshaywa, emangalelwana ngamanga, ehlukunyezwa, ehlekwa usulu, ethufelwa ngamathe, ehlushwa, ejijimezwa ngendluzula, eshaywa ngenkalivasi futhi ebethelwa esiphambanweni, akazange akhombise ilangabi lokucasuka, noma ukukhalaza noma ukusola ababulali bakhe, noma ukubanga umsindo ekhononda, kodwa wenza umthandazo.

Emuva kokufakaza kofakazi abaningi bamanga ababemelene Naye, Umpristi Omkhulu wathi kuYe: “Awuphenduli luthona? ...Kepha uJesu wathula” (NgokukaMathewu 26:59-63).

Nangu umthandazo kaJesu ngesikhathi esezinhlungwini ezinzima zokubethelwa: “Baba, bathethele; ngoba abakwazi abakwenzayo” (NgokukaLuka 23:34).

Lenqubo yonke iyinqayizivele, futhi iphambene kakhulu nendlela abantu abenza ngayo izinto. Iyashaqisa hhayi kuhphela ngenxa yesiprofetho esingajwayelekile, kodwa nangokufezeka kwaso nako okusiphuzela unwele.

(11) **Uma esuswa ekucindezelweni nasekwahlulelwani, uMesiya ANGEKE ABE NOMMELI ozoMkhalela, noma umngane ozoMkhulumela agomele ngobumsulwa Bakhe, UIsaya 53:8:**

“Wasuswa ekucindezelweni nasekwahlulelwani: futhi ubani oyomemezela isizukulwane sakhe?”

Emacaleni anzima lapho impilo yomuntu isengcupheni, amacala abizwa ngokuthi, ama “trials for life” ISanhedrini

Okutholwe ngenombolo yethu yocingo esebezenza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:

UD.R. osuka kwiMcAllister Library, eFuller Theological Seminary ePasadena, eCalifornia, washayela ucingo wathi wathola ama-bulletin ambalwa phansi, wabe esewacosha wawafunda. Uthi wawathanda kakhulu futhi ucela ukuthi afakwe ohlwini lweposi. Uthe angathanda ukuba simthumele wonke ama-bulletin kanye nayo yonke eminye imibhalo kaMfundisi u-Alamo. Ufuna ukuba neqoqo lwazozonke izincwadi zikaMfundisi Alamo ukuze abacwaningi beze emtatsheni wakhe, kwi-library yakhe, ukuze bafunde kabanzi ngeZwi likaNkulunkulu futhi nangoMfundisi Alamo. Wakuthakasela kakhu-lu lokhu. Wathi wayengathanda ukugcwalisa ikhabetbe lakhe lezincwadi ngezincwadi zikaMfundisi Alamo kuphela. Uthe UMfundisi Alamo ubeka izinto zinjengoba zinjalo.

yayinesiko lokuthi ibize labo abanolwazi ngokuthile okuvuna ummangalelwana ukuthi bavele futhi bathule abakwaziyo ebandla.

Lokhu akuzange kwenzeke ecaleni likaJesu waseNazaretha, kodwa kunalokho, ngenkathi bethetha ngokuxhamazele icala-mbumbulu ababembeke lona, ngaphambi kwe-Sanhedrini, kwaba nokungqubuzana nokungahambisani nezimiso zabo zokufenza ukulunga nokungakhethi.

Ujesu kwadingeka ukuba avele eyedwa futhi engenammeli ngaphambili kwabaphathi abakhohlakele bamaJuda kanye neziphatimandla zombuso wabeZizwe okwabe kuwumbuso umkhulu kunawo wonke emhlabeni ngalezozikhathi. **Akek-ho noyedwa umuntu owakhombisa ukuma naye.** UJuda wanikela ngaye; UPetri wamphika waze wafunga nokufunga; kanti nabanye abafundi bakhe “bamshiya, babaleka” (NgokukaMathewu 26:56). Nabangingi abesifazane ababekade bemhonza futhi besiza ebandleni Lakhe, “bema kude bebukele” ngesikhathi Ebethelwa (NgokukaMathewu 27:55). Ngehora Lakhe lapho wayedinga usizo kanzima, njengomuntu, AKEK-HO NOYEDWA UMUNTU OWEMA NAYE. Yiqiniso, ukuthi emuva kwakho konke lokhu, emuva kwamahora acobayo okuhlushwa esewenze ndikindiki umzimba Wakhe ophukile, Unina uMaria, nabesifazane abambalwa abathembekile, kanye nomfundu wakhe othandekayo, uJohane, “bema” esiphambanweni; kodwa ngesikhathi kuthethwa icala Lakhe, kanye nangamahora asekuseni ngosuku lokubethelwa Kwakhe, Wasala yedwa vo. Emalandeni womhlaba jikelele, akukaze kwenzeke, (Kuyaqhube kaekhasini 6)

Inombolo yethu yocingo esebezenza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo—(661) 252- 5686

UMESIYA

(Kuyaqhube ka ekhasini 5)

ukuthi umuntu ahlamukwe, futhi alahlwe abangane nezithandwa zakhe ngokuphelele, njengoba kwenzeka kuJesu.

UJesu waboshwa, HHAYI yizikhulu ezi-fanele, kodwa yisixuku—umdibi wezichwensi: “kwafika isixuku esikhulu siphethe izinkemba kanye nezinduku, sivela kubapristi abakhulu nezikhulu zesizwe” (Ngokuka-Mathewu 26:47). Ngisho noJesu waphawula ngendlela abebenza ngayo eyayiphambene ingahlangani: “Niphumile kungathi nize kumphangi, niphethe izinkemba nezinduku ukuNgibamba, na? BeNghileli ethempelini imihla nemihla Ngifundisa, anaNgibamba. Kepha konke lokho kwenzekile ukuba kugcwaleseke iMibhalo yabaprofethi” (NgokukaMathewu 26:55-56).

Ofakazi bamanga baphoqwa ngokufumbathiswa, ukuze banikeze ubufakazi obumelene Naye, “ukuze bambulale” (NgokukaMathewu 26:59), futhi lathethwa ebusuku icala Lakhe, okuyinto engekho emthethweni.

Enkantolo yamaRoma, uPilatu, wafuna isizathu esinohlonze, sokumlalha ngecalo ngokufanelekile, kodwa, akazange asithole. Wabuza kabantu, “Wenze-bubi buni na? Kepha izimpendulo azithola, kwaba ukumemeza okungenangqondo nje kwesixuku, esasishoshozelwa abaholi baso, sithi, “MaKabetherwe esiphambanweni... MaKabetherwe esiphambanweni” (NgokukaMathewu 27:22-23). Wabe esebona uPilatu ukuthi amazwi okuzama ukubonisana nabo nokwenza ukulunga okusemthethweni akasizi lutho, wabona nokuthi isiyaluyalu sasiya siqonga, wabe esedikibala, ngokuphelelwa amandla wageza izandla zakhe ngalolodaba. Wanikela uJesu kubo ukuba bambethole esiphambanweni. (NgokukaMathewu 27:22-26). Lokhu kwaba sengathi isinqumo somthetho esiyiphutha kunazozonke izinqumo, emlandweni wesintu.

UPilatu akasiyedwa, owaFakazela ubumsulwabukaKristu—“Angifumanicala kuye” (NgokukaJohane 19:6)—kodwa nomprofethi kaMesiya wasemandulo wathi: “Yena wayengenzanga indluzula, kungekho nankohliso emlonyeni wakhe” (UIsaya 53:9).

Kuyaqhube ka kwi-newsletter vol. 06100

eZambia

Mfundisi Tony Alamo othandekayo,

Ngijabula kakhulu ukukubhalela lencwadi. Kunjani, Mfundisi? Ngethembalukuthi ngomusa kaNkulunkulu uMnininimandla onke, wena usaphila. Ngifunde iBulletin Yomhlaba yakho, ethi “Abaholi Nezinganekwane.” UNkulunkulu wanguvumela ukuthi ngiyithole ngendlela eyisimangaliso. Ngemuva kokuyifunda, ngabusiseka kakhulu futhi ngafisa ukuthi ngikubhalele. Ngiyakubonga ngemilayezo emangalisayo efinyelela kulabo abalahlekile futhi bengasindisiwe ukuze uKristu akheke ezimpilweni zabo. Ngezincwadi zakho, abantu abanangi baye, ba-zuzelwa kuKristu futhi baphunyuka kuSathane. Sengathi uNkulunkulu anganibusisa kwezomnotho, ngokwenyama nangokomoya.

Mfundisi, ngiyintokazi esencane, ngisemshadweni kusukela eminyakeni emihlanu edlule. Nganikela impilo yami kuJesu Kristu eminyakeni emibili edlule, futhi iNkosi ibilokhu inomusa kimi. Nginombono wokushumayela ivangeli le-qiniso likaJesu kwabanye. Njengabantu besifazane e-Afrika, silokhu siboshwe ngamaketanga amakhulukhulu eminyaka ngenxa yezinsumansumane ezisuka kokhokho, ngakho-ke mina ngifisa ukunikela impilo yami kuJehova ngokwem-pela. Mfundisi, ngicela amaBhayibheli, izincwadi, nama-bulletin, kanye nezint-shumayelo zikaNkulunkulu eziqoshwe kuma-tapes, nezinye izincwadi, ukungisia ukuthi ngihambe ngifikaze emiphefumulweni elahlekile. Okokugcina ngicela izincwadi zokufunda iBhayibheli nezingoma ezikuma-theyiphi.

Owakho kuKristu,

L.M.

e-Isoka, eZambia

Mfundisi Tony Alamo othandekayo,

Ngiyakubingeleta ngentokozo nangezilokotho ezisuka enhliziyeweni egamenileNkosi yethu ujesu Kristu. Ngiyambonga uNkulunkulu ngempilo yakho futhi nangendlela ahlela ngayo ukukusebenzia ukuze kusabalale kahle iZwi lakhe lize lifinyelele emagumbini wonke omhlabu ukuze izimpilo zisindiswe. Mfundisi Alamo, Mnumzane, ngangiwumhedeni ngaphambi kokuba ngisindiswe ezintwени ezimbi, ngumhlobo wami engisebenza naye, futhi lapho ngifunda umyalezo wakho kwi-bulletin, inhlizyo yami yahleleka ngokufanele, futhi ngiqinisekile ukuthi UNkulunkulu uyangishintsha impilo yami. Ngasheshe ngaqonda ukuthi uNkulunkulu ufunu ukuthi sizigcwaliye ngokulunga kwakhe. Mfundisi Alamo, ngicela iBhayibheli elilodwa noma amabili awesiNgisi, elami futhi nomngane wami ukuze sifunde iZwi likaNkulunkulu uMnininimandla onke. Kwangathi ukuthula kweNkosi yethu kungaba nawe futhi nomoya wakho. Ngiyabonga kakhulu ngomusa nangabantu abacabangela abanye baphendule izicelo.

Ngiyabonga,

G.N.

Kitwe, Zambia

Mexico

Mfundisi Alamo othandekayo kakhulu,

Izincwadi zakho sezifinyelele nasendaweni engikuyo futhi ziukethe imilayezo ethokozisa kakhulu nobufakazi obuvela ezindaweni ezaahlukahlukene zomhlaba. Ngokungangabazeki, uNkulunkulu ukusebenzia kakhulu ukuze umlayezo wakhe wensindiso ulethwe kuwo wonke umuntu. Bengilokhu ngisejele iminyaka eyisikhombisa nengxenye ngesizathu sokuthutha insangu. Kuleminyaka emibili edlule ngilapha, uNkulunkulu uzibonakalise ngendlela emangalisa kakhulu, empilweni yami elusizi. Ngithembalukuthi ngizodedelwa kulonyaka, futhi ngingathanda ukwazi ukuthi ungakwazi yini ukungithumelela incwadi yakho, uMesiya nezinye izincwadi ezizosiza ukuthi amadodana ami aphenduke.

M.A.

eMonclova, eCoahuila, eMexico

eGhana

Mfundisi othandiweyo nonomusa,

Ngijabule kakhulu ukuthi ungithumele ama-bulletin akho. Ngithole ibhokisi lama-bulletin akho ngesonto elidlule. Nceku ethandekayo yeNkosi, abantu bakuthakasele kakhulu ukuwafunda. Abangane bethu esigodini sakithi, labo esihlale sabelane nabo izipho zethu futhi sibavakashele ukwenza imihlangano yomthandazo, bakhuthazeke kakhulu ukubafunda futhi eminye imiphefumulo ithe yavuselewa ngokufunda (izincwadi) ama-letha avela kwabanye. Sijabule kakhulu futhi sizokucela ukuthi usifake ohlwini lwakho lwe-posi ukuze usithumele izincwadi zevangeli. Sidinga amaBhayibheli, izincwadi, futhi singathokoza ukuthola izimfundiso zenkonzo yakho.

Siyakuthandazela, wena nendodana yakho ethandekayo, uSion kanye nazo zonke izisebenzi onazo enkonzweni yakho. UNkulunkulu akubusise akuhlahlamelise. Okokuqala futhi na-kanjani sithandazole. Umthandazo ushukumisa ingalo enamanda kaNkulunkulu uMnirimandla wonke; Ngaphandle komthandazo, esikwenzayo kufana “nokubhodla emswaneni nje.” Sicela uthandazele amavolontiya ethu angabafundi, abahambela ezigodini ezikude emaphandleni nasezintaben, ukwenza umsebenzi weNkosi. Bathandazele ukuba babenesibindi, nokholo nothando. Kwangathi uMoya weNkosi ungaba ngumqondisi kanye nomholi wakho. Kwangathi Angakukhumbula Akubusise Akuhlahlamelise. Sithandaza kuNkulunkulu ukuthi ube nempilo ende, ukuthula nenqubekela phambili.

Abanithandayo othandweni kaKristu

A.S.

e-Accra, eGhana

Mfundisi Tony Othandekayo,

Ngiyabonga ukungithumele incwadi yakho enesihloko esithi, *uMesiya*, kanye nama-bulletin ayishumi. Lezincwadi ziye zaletsha ukuqwasha ngokomoya kanye nentshisekelo entsha ngomsebenzi kaNkulunkulu empilweni yami. Ngiye nganika amany ama-bulletin kubangane abangamaKristu abase bethanda ukubanda okholweni, futhi lapho ngibavakashele, bonke bazwakalise intokozo enkulu njengoba bonke bevuselelekile ngokoMoya futhi izinto zi-

eNigeria

Mfundisi Othandekayo,

Ngiyakubingeleta egameni leNkosi uJesu Kristu. Amen. Ama-bulletin okugcina ongithumelele wona, sengiwabile, futhi ngiye ngamangala ngezinguquko azenzayo ezimpilweni zabantu, futhi bathembisa ukukhonza iNkosi ngezinhliziyo zabo zonke, kanti abanye bathembise ukukubhalela. Ngicela ningithumelele amakhophi awu-25 encwadi ebizwa *uMesiya*, kanye namakhophi awu-150 ama-bulletin ahlukahlukene, amaBhayibheli ambalwa kanye nanoma iyiphi imibhalo engangisiza kulokusabalalisa kwami iVan-geli, nokuniweza abangane, abomndeni, kanye nabanye abantu abanentshisekelo yokwazi kabanzi ngeNkosi uJesu Kristu.

Ngingathanda kakhulu ukuba ngomunye wabasizi benkonzo yakho lapha eNigeria. Ngingathanda ukucaphuna kulolugcobo nomusa ophezu kwem-pilo yakho kanye nenkonzo yakho. Ngilindele ukuzwa nokuthola usizo kuwe. Owakho eNkosini,

R.M.

ePort Harcourt, eNigeria

eTogo

Othandekayo kuKristu

Sijabule kakhulu ukuthola incwadi osibhalele yona. Sijabula kakhulu ngezincwadi ozithumele. UNkulunkulu usebenza ngempela ngazo. Siye sazuzela kuKristu imiphefumulo engu-15, ngokusebenzia lezincwajana zakho. Si-yathandaza ukuthi uNkulunkulu anibusise, anihlahlamelise nonke.

Sizodinga ama-CD kanye namaBhayibheli ukunikeza labo abasanda kuperhenda. Ngenxa yesimo esinzima esibhekene naso, angeke sikhazi ukuzithenga ngokwethu. iTogo yizwe elintula kakhulu.

Silinde ngethemba elikhulu, ukuthola amaCD kanye namaBhayibheli esizowasebenzia ngemvuselelo yePhasi-ka.

Nisale nesibusiso egameni likaJesu, Amen.

Umfundisi Henry James

eLome, eTogo

bahambela kahle kakhulu ngenxa yokufunda lezincwadi zakho. La-babantu balambele lama-bulletin. Ngakho, ngicela ukuthi ningithumelele ama-bulletin angu-150 kanye namaBhayibheli ukunikeza labo abasanda kuperhenda ngoba bazidanga kakhulu lezincwadi. Ngiyabonga kakhulu ngokuthi uzobathumelela kimi. Siyabonga imfundiso enohlonze yezwi likaNkulunkulu obulokhu uthembekile kangaka ukuyinikeza abantu. Kwangathi uNkulunkulu uMnirimandla onke angaqhubeka akubusise. Ukholo lusunduza intaba. Indodakazi yakho kuKristu,

T.O.

eKumasi, eGhana

Mfundisi Othandekayo,

Ngithumela kini imikhonzo eqhamuka kude le eGhana. Nge-muva kokufunda incwadi yakho enesihloko esithi, *uMesiya*, Ngi-jabula kakhulu ukukwazisa ukuthi ekugcineni ngiye ngamukela uJesu Kristu njengoMsindisi wami siqu, ngakholwa ukuthi Yena weza futhi wafa esiphambanweni, efela mina. Ngaphambilini bengisezweni ngingamazi uNkulunkulu, futhi ngingazi ngeN-

dodana Yakhe, *uMesiya*, kodwa ngemuva kokufunda izincwadi zakho, sengiyabona ukuthi mina ngangilahlekile kodwa manje sengitholakele, ngangisebumnyameni, kodwa iNkosi uNkulunkulu inglethe ekukhanyeni. Ngakho-ke ngingumKristu ozelwe kabusha, futhi ngyindodana kaNkulunkulu ophilayo. Njengamanje, anginalo iBhayibheli, futhi uma kungenzeka, ngicela ungangithumelele eliodwa, kanye nencwajana yakho, *uMesiya*. Uma un-gangithumelela nanoma yiziphi ezinye izincwadi ezingangisiza ukuthi ngingazi kabanzi uNkulunkulu, ngingakujabulela lokho. Njen-gamanje sengikhonza ebandeni labazalwane eKoforidua. Kwangathi uNkulunkulu angaku-busisa akuhlahlamelise ngemisebenzi emihle oyenzayo.

Ozithobayo,

D.F.

eKoforidua, eGhana

UBUFAKAZI BUKA TONY ALAMO

(Kuyaqhube kaekhasini 3)

"Lowo okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kodwa ongakholwayo uyakulahlwa."³² Uma ufana nami unga fisi ukuthi ulahlwe, kodwa esikhundleni salokho ufisa ukuthi usindiswe, yisho lomthandazo kuNkulunkulu:

NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihe phezu komphefumulo wami, umoni.³³ Ngiyakhola ukuthi UJESU Kristu uyiNDODANA kaNKULUNKULU ophilayo.³⁴ Ngiyakhola ukuthi Wafa esiphambanweni futhi wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngitheth-elelwe zonke izono zami engizenze ngaphambilini.³⁵ Ngiyakhola ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJESU kwabafileyo ngamandla KAMOYA OYINGCWELE,³⁶ nokuthi Uhlezi ngakwesokunene sikaNKULUNKULU ngalomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.³⁷ Ngivula umnyango wenhliziyo yami futhi ngiyakumema ukuthi ungene enhliziwayeni yami, NKOSI JESU.³⁸ Ngihlanze kuzo zonke izono zami ezing-colile egazini eliyigugu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalivari.³⁹ Angeke ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethelela izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayibheli, lisho njalo.⁴⁰ IZWI LAKHO lithi akekho namunye umuntu oyomdikila um-lahlele ngaphandle futhi lokhu kuhlanganisa nami.⁴¹ Ngakho-ke ngiyazi ukuthi ungizwile, futhi ngiyazi ukuthi ungiphendulile, futhi ngiyazi ukuthi ngisindisiwe.⁴²

Futhi Ngiyakubonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba Ungiyala futhi ngingabe ngisona.⁴³

Ngemuva kwensindiso, UJESU wathi kubalulekile ukub-haphathizwa, ngokuphelele emanzini, egameni likaYISE, neleNDODANA, nelikaMOYA OYINGCWELE.⁴⁴ Funda iBhayibheli ngokweNkosi uJames, ngokukhuthala, wenze lokho elikushoyo.⁴⁵

INKOSI Ifuna utshele abanye ngensindiso yakho. Ungaba wumuntu osabalalisa izincwadi nemibhalo yeVangeli kaM-fundisi uTony Alamo. Sizokuthumelela izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i-imayeli ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa. Sicela utshele abanye abantu ngalomyalezo.

Uma ufunu umhlaba usindiswe, njengoba eyala UJESU, ungamphangi uNKULUNKULU okweshumi kwakhe nemini-kelo. UNKULUNKULU wathi, "Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na? Nokho niyaNgiphanga. Kepha nina nithi, SiKuphange kanjani na? Ngokweshumi nangeminikelo. Niqale-kisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyaNgiphanga, sizwe sonke [nomhlaba wonke]. Ngenisani konke okweshumi ['okweshumi' - u10% weholo lakho liphele] endlini yengecebo ukuba kubengukudla [nokudla kukamoya] endlini YAMI. [Imiphefumulo isindiswe], niNgivivinye ngalokhu, usho UJEHOVA-SEBAWOTI, uma Ngingayikunivulela amafasitele asezulwini, Nginithululele isibusiso kunokwaneleyo. Ngenxa yenu Ngiyakukhuza okudlayo, kungachithi izithelo zomhlabathi wenu, nemivini yenu ayiyikuphutha endle, usho UJEHOVA-SEBAWOTI. Zonke izizwe ziyakuthi nibusisiwe, ngokuba niyakuba-yizwe elithokoz-isayo, usho UJEHOVA-SEBAWOTI" (UMalaki 3:8-12).

³² Mark. 16:16, 2 Thes. 2:12 ³³ AmaH. 51:5, Rom. 3:10-12, 23 ³⁴ Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1:30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 ³⁵ IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5:9 ³⁶ AmaH. 6:9-10, Math. 28:5-7, Mark. 16:9, 12, 14, Joh. 2:19, 21, 10:17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15:3-7 ³⁷ Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 ³⁸ 1 Kor. 3:16, IsAmb. 3:20 ³⁹ Ef. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 1:5, 7:14 ⁴⁰ Math. 26:28, IzE. 2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol. 1:14 ⁴¹ Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 ⁴² Heb. 11:6 ⁴³ Joh. 5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb. 7:14, 22:14 ⁴⁴ Math. 28:18-20, Joh. 3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 ⁴⁵ Dut. 4:29, 13:4, 26:16, Josh. 1:8, 22:5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb. 3:18

Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.

Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078

Inombolo yethu yocingo esebezenza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:

(661) 252-5686 • Fax (661) 252-4362

www.alamoministries.com • taoffice@alamoministries.com

Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabeni jikelele, inikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidindo zempilo kubo bonke abantu, ezindaweni zethu eU.S; abantu abafuna ngempela ukukhonza uSimakade ngayo yonke inhliziyo yabo, umphefumulo, ingqondo namandla.

Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushayele ucingo kulenombolo: (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO.

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, UMesiya, ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333 lba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalali si wezincwadi zikaMfundisi Alamo.

Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kuhkona ozama ukukhokhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)

LEZI ZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).

MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.

Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.

Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration:

© Ishicilewe nge-Copyright ngoNovemba 1995, ngoMashi 2012, 2013, 2014® Yaba-Registered ngoNovemba 1995, ngoMashi 2012, 2013, 2014

ZULU—VOL. 06000—TONY ALAMO'S TESTIMONY—DRY BONES